VOLUME NO 1, ISSUE NO 9

EZASE ZULULAND

King Dinizulu Highway,

Ulundi, 3838

P/Bag X 81, Ulundi, 3838

December 2010 Zululand Health District Official Newsletter

HEALTH KwaZulu-Natal

# "UMA UMUNTU ESEDLE EZIKAFARO UTHATHA IZINQUMO EZINGABA NOMTHELELA OMUBI EMPILWENI YAKHE"

Ube yimpumelelo umcimbi obuhlelwe esifundeni sase Zululand kukhunjulwa labo abantintwa nabahaqwe isifo sengculazi kanye nesandulela saso. Lomcimbi obungomhlaka 01 December 2010 e Vryheid e Cecil Emmet Hall ubuhlelwe yiyo yonke iminyango kahulumeni kanye nomasipala bonke base Zululand ngokubambisana nehhovisi likaNdunankulu u Dkt ZL Mkhize.

Phakathi kwezikhulu ebezikhona uNdunankulu WesiFundazwe u Dkt Zweli Mkhize, asebenza nabo kwikhabhinethi yakhe, Inhloko yoMnyango weZempilo esiFundeni u Dkt Zungu,Inkosi u Dkt MG Buthelezi,Imeya yomkhandlu waseZululand uCllr B Gwala, umculi wokholo owaduma ngokuphumela obala ngesimo sakhe sokuhaqwa isifo sengculazi uMusa Njoko.

Ethula inkulumo yakhe yosuku kulomcimbi uNdunankulu wesiFundazwe sakwaZulu Natal u Dkt Z L Mkhize udalulele Umphakathi wase Zululand ngocwaningo olusanda kwenziwa nolukhomba ukuthi isiFundazwe sa KwaZulu Natal sihamba phambili ngabantu abahaqwe isifo sengculazi nesandulela saso kanye nesifo sofuba.

Ugcizelela ukuthi uma umphakathi ufuna ukunciphisa ukubhebhetheka kwalesisifo kuzomele kukhulunywe ngaso. Abafundisi emabandleni kumele bakhulume nabazalwane babo, izinduna ngaphambi kokuba zidingide izindaba zomphakathi kumele ziqale zixoxisane nabantu bazo ngezindlela zokulwa negciwane




Ikhandlela elakhanyiswa amakhosi aso Khukho ngenkathi ethulela imilayezo ebhekiswe emphakathini eqwashisa ngesifo sengculazi.

" **Into eyenza ukuthi intsha ibesemathubeni amaningi okutheleleka utshwala, umuntu uma esedle ezikaFaro uyahluleka ukuziphatha futhi wenza izinqumo ezingagcina zinomthelela omubi empilweni yakhe.**" kuqhuba u Mkhize.

IsiFunda sase Zululand asigcinanga e Vryheid ngemicimbi yokuqwashisa nokukhumbula abathintwa igciwane njengoba siphinde savakashela umphakathi wasoKhukho endaweni yasoLundi.

Lomcimbi ubuhlelwe Umnyango weZempilo ubambisene ne Mayini yaso Khukho. Amakhosi akulendawo ngokubambisana akhanyisa ikhandlela ekhombisa ukuzinikela ekusebenzisaneni nohulumeni ukulwisana negciwane.

Ngenkathi ekhanyisa ikhandlela athulela umphakathi imilayezo eqwashisa ngegciwane lengculazi kanjalo nesandulela saso.

Ethula inkulumo yakhe yosuku u Nkkz DT Memela nongumphathi wesiFunda sase Zululand emnyangweni weZempilo utshele umphakathi nentsha ukuthi kumele ubambisane neminyango ukunqanda ukubhebhetheka kwalesisifo. Uhambe emazwini kaNdunankulu waphonsela Umphakathi inselelo ngokuthi kumele kube namakomidi akhiwe emphakathi adingida izindaba zokunqanda ukubhebhetheka kwegciwane uphinde Umphakathi ufundisane wodwa. Uthe ngokwenza njalo singanqoba okuningi.



# KUGUJWE USUKU LWAMASIKO NAMAGUGU EZULULAND



**Bebevunule beconsa abasebenzi besiFunda iZululand behambisana nomphathi we Office uNkk D T Memela**

Usuku lomhlaka 24 September eNingizimu Afrika lwaziwa njengosuku lapho abantu baseNingizimu Afrika begubha khona usuku lwamagugu namasiko futhi beqhakambisa ubuzwe babo.

KwaZulu Natal umhlaka 24 September bewaziwa ngosuku lapho kukhunjulwa khona Inkosi YamaZulu UShaka eyakhothama. Inkosi uShaka wayengowokuqala esizweni samaZulu owayethanda ukuthi izinto zamaZulu njengesiko namagugu kuqhakambiswe futhi abantu beziqhenye ngobuzwe babo.

Lolusuku lugujwa ngezindlela eziningi ezehlukene. Abanye benza imidwebo ekhombisa ubuhle bezwe, umculo, umdanso kanti abanye bayavunula. Iningizumu Africa yonkana ikhombisa ukulithokozela lolusuku kuzozonke izinhlanga njengoba wonke umuntu esuke eqhakambisa ubuzwe bakhe.

Lelihhovisi liyaba yingxenye yokugubha lolusuku njengoba abasebenzi besuke bevunule beconsa minyaka yonke kusha ingoma kanye namaculo wesintu. Kujwayelekile nokuthi kuphekwe nokudla kwesintu.

Abasebenzi bayaluthakasela kakhulu lolusuku njengoba bephuma ngobuningi babo befuna ukuqhakambisa ngobuzwe babo.

EsiFundazweni sakwa KwaZulu Natali, amasiko asathathelwa phezulu njengoba njalo ngoSeptember izintombi zilibangisa esigodlweni seSilo Samabandla lapho zisuke ziyohambisa umhlanga. Lokhu kukhombisa ukuthi ziyaziqhenya ngobuzwe bazo futhi zizimisele ngokuqhubeka nokuzigcina nokuyinto egcizelelwayo kulezinsuku ukuze kunqandwe ukubhebhetheka kwesifo sengculazi kanye nesandulela saso.

Khona manjalo ukubuyisa isiko uhulumeni wakwaZulu Natal uyaqhubeka nokusoka abafana nokwaqala esiFundeni saseZululand emva kokumemezela kweSilo Samabandla onke ukuthi kumele libuyiswe lelisiko.

Lokhu kungenye yezindlela ukukhombisa ukuthi lesisifundazwe sizimisele ukubambisana ukuze kunqandwe ukubhebhetheka kwesifo sengculazi kanye nesandulela sayo.

## NOMA NGABE AWUBONI KODWA UNGAKWAZI UKUKHOMBISA IKHONO

Ngomhlaka 28 October 2010 inhlangano ezimele esiza abantu abangaboni nabangakhulumi iKZN Blind and Deaf Society ibambisene noMnyango weZempilo eZululand babenomcimbi wokuqwashisa ngokunakekelwa kwamehlo edolobheni laso Lundi. Lomcimbi ubuwenzelwe ukukhombisa ikhono labantu abaphila nokukhubazeka ikakhulukazi abangaboni

Yize benokukhubazeka kodwa bayakwazi ukuphila impilo efana neyabo bonke abantu.

Lolusuku beluhanjelwe abantu abaningi futhi bebebaningi osingabo ngoba phela bebephume ngobuningi babo bezokhombisa amakhono abo nanempilo abayiphila emakhaya. Lomcimbi uphinde waxhaswa uMasipala omkhulu waseZululand, uSpar, amaphoyisa, abezimo eziphuthumayo, uMnyango weMfundo, iBhange iThala kanye noRhino.

Umnyango weZempilo kanye nenhlangano yabangaboni badlulisa kakhulu ukubonga. Bathi lomcimbi ubungeke ube yimpumelelo ngaphandle kwenu.

**UNKULUNKULU ANIBUSISE**

# SIXOXA NGEZITHOMBE

## BEKUKUHLE KUDELILE KUGUJWA USUKU LWAMAGUGU



Injabulo yayibhalwe ebusweni babo futhi nemvunulo yabo yayiconsisa amathe,UMphathi wesiyingi uNkk DT Memela akasalanga naye kwababevunulile.



Bayajabula omame abazeleyo! Izintokazi zaziyishaye yaphelela imvunulo yazo wawungafunga ukuthi kuyiwa emncintisweni wonontandakubukwa.



Zaziyishaya madoda ingoma izintombi zangikhumbuza Izingane zoma! Uyadela wena owangibonela onina.



uNkk C Ntombela wayemamathela nethambo em-lonyeni ethi nje angisaliyekanga limnandi kanje.



Le nsizwa u Phakamani Vilakazi uyawazi umsebenzi wen-sizwa phela izinsizwa zakudala zazingahlukani nesagila nehawu.Uyisikhokho Pee Vee!



uNkk Dlamini wayeyishaye yaphelela imvunulo yakhe ekhombisa isizotha njengomama.

# SIXOXA NGEZITHOMBE

## BEKUKUHLE KUDELILE KUGUJWA USUKU LWAMAGUGU



Naze nahloba kahle kuleyomvunulo yenu sengathi kungahlale kugujwa usuku lwamagugu njalo, kuyancomeka.



U Nkk Ntombifuthi Zulu elungiselela ukuhambisela obaba ukhamba "kwenziwa njena ke KwaZulu" asazi ke ukuthi kunani Phakathi.



U Nksz P S Shezi ezishaye zaphelela ezakhe. Ngiyafunga ungahamba phambili emcimbini wonontanda kubukwa



Vuthela ingoma Nonsikelelo Dlamini akudlalwa la!! Sengathi babesho njalo ababengemuva ngenkathi bemshayela izandla.



Abanye omama babusisiwe la ngaphandle, wamuhle Nkosazane Nobuhle Sibiya ezishaye zonke zaphelela noncumo lwakhe



uNksz Thandazile Magubane wayehamba phambili ngemvunulo yakhe wayesevala ngenhloko kanokusho ekhanda.

# UZIBOPHEZELE EKUSEBENZENI NO KHANYA AFRICA UNGQONGQOSHE UMNU SICELO SHICEKA

Ungqongqoshe we ( Corporative Governance and Traditional Affairs) uMnu Sicelo Shiceka uzinekele ekusebenzeni nethimba lika Khanya Africa. Lokhu kwenzeke ngomhlaka 20 November 2010 njengoba kade kuhlangene iSifundazwe saKwaZulu Natal emhlanganweni ka Khanya Africa.

Kulomhlangano bekuhlangene zonke izifunda zaKwaZulu Natal ukuzokhombisa indima esihanjiwe kulomkhankaso wokuvakashela abagulela emakhaya nabahlwempu. Lesisifundazwe sibe nenhlanhla yokuvakashelwa uNgqongqoshe weZempilo e Free State u Nksz Sisi Elisa Mabe nobebuka indlela okwenziwa ngayo ukuze nesifundazwe sakhe sizibandakanye nalomkhankaso omuhle kangaka.



**Ungqongqoshe WeZempilo eFree State uMs Sisi Elisa Mabe, no Ngqongqoshe kazwelonke uMnu Sicelo Shiceka( Cooperative Governance and Traditional Affairs) no Mphathi siFunda waso Thukela uNks Thandeka Zulu.**

uSihlalo ka Khanya Africa U Dr Nxumalo ukujabulele ukuphumelela kweziFunda kulomhlangano njengoba kuphinde kwaba nokuzibophezela ekutheni uqhubeke.

Amukela izifunda umphathi sifunda saseZululand u Nkz D T Memela uthe ukujabulela kakhulu ukuthi lomhlangano ubanjelwe kwisiFunda sakhe njengoba sizofunda okuningi.

# HAVE A BLESSED HOLIDAYS AND PROSPEROUS NEW YEAR



**Mr JB Thusi-Office Manager: Zululand Health District**

Shalom! This is a Hebrew word which simply means "peace". However, today in Israel it is used as a greeting, a blessing and a message of goodwill. May I therefore say to the readers of this bulletin Shalom. We all know that during this season people's hearts, Christian and non-Christian alike seem to open up. They become more generous, forgiving and more importantly, they want to spend the time with loved ones. This is all well and good. I would also like to take this opportunity to wish the readers, particularly in the Zululand District, a blessed holiday season and a prosperous new year for them and their families. Like the Apostle Peter in the scripture verse above, I would like to call for focus, to keep important things important. The context of the verse is that he was teaching about freedom in Christ, as believers were seemingly debating whether certain foods were to be consumed by believers or not .

In this season we may find ourselves spending more time and money on what to buy for one another, what to cook and where to go and so on. But the truth is that all that passes quickly and we soon find ourselves tired, lonely and empty again. The truth is that whether one is a Christian or not, there is no joy without peace, no peace without righteousness. **To be righteous means to have the right standing with the Almighty God. Jesus said until you make peace with God, you will always feel inadequate, anxious and fearful. Joy is an abiding state of mind. You simply have to make up your mind to be joyful, no matter what.** J B Thusi

# LEARNERS WERE GIVEN GUIDANCE ON CAREERS




**Mrs. D T Memela giving a prize to Thandeka Dlamini from Esigqamiswa High School**

On the 2nd of December 2010 at Zululand District Old Legislature, schools from Zululand and Uthungulu District were gathered for the Prize Giving Ceremony for Essay writing.

The Zululand District Manager DT Memela welcomed all the guests who were present and also congratulated the scholars for making this far to the competition.

Amongst the guests that were present is Mr Denzyl Sathianathan from Provincial Dept Of Health,Mr Bheki Mkhathini Dept Of Education, Ms Nkonzo Mhlongo from South African Sugar Association, Educators, Dieticians, Physiotherapist's and also Participating Schools from Zululand and Uthungulu District.

There were grade 8 and 9 learners. From grade 8 three learners were chosen as winners as their essays were good and inspiring. Thandeka Dlamini from Zululand District at eSigqamiswa High School was pronounced as number one, followed by a learner from uMkhanyakude and number three was also from uMkhanyakude District.

Grade 9 were next to be given prizes, Thembelihle Ntuli from Uthungulu District was crowned number one, followed by Ntethelelo Mavuso from Umkhanyakude and number three also came from Umkhanyakude District. Learners who participated in this competition who did not win were also given compensation prices.

The South African Sugar Association were in Partnership in this event, they gave learners many presents. Dieticians and Physicians present at the event played with learners and also guided them on what careers they might follow once they finish matriculation.

Learners seemed to have really enjoyed themselves, they played different games, and later on refreshments were served.

King Dinizulu Highway,
Ulundi, 3838

P/Bag X 81, Ulundi, 3838

Tel- 035 8742381
Fax-035 8742457

Compiled by
Thabisile Ngcobo and Zama Mathe
Zululand Health District Office
Communication Dept

# MESSAGE FROM COMMUNICATION OFFICE

It is that time again where millions of people around the world celebrate Christmas Day. Basically, in this day we celebrate the birth of The Son of God Jesus Christ.

Many people celebrate this day in different ways, Christians celebrate this day by going to church to be close to God while others slaughter animals to please their ancestors. Most people usually spend this day with their loved ones, and everyone gets an opportunity to receive as many presents as possible because this day also symbolizes the time of given as God gave us His only Beloved son to the world. The Communications office would like to wish the Zululand District staff and its institutions a Happy Christmas Day and a Happy New Year.

We urge everyone to be a responsible citizen. Whatever you plan to do during this festive season be it partying, taking long journey's or going for church conferences, make sure that you do it right and do not forget to drive responsible because speed and alcohol kills.